ISAZISO NGAPHANSI KWESIGABA 14 SIKA LOCAL GOVERNMENT MUNICIPAL PROPERTY RATES ACT NO. 6, 2004 UKUNQUNYWA KWA-MARATES ONYAKENI WEZIMALI KA 2007/2008

1. Lesi yisaziso ngaphansi kweSigaba 14 somthetho uLocal Government Municipal Property Rates Act No.6, ka 2004 sokuthi ngaphansi kwemibandela eshiwo ngenzansi mayelana nemizi, uMasipala waseThekwini mhla ka 2006-04-30 unqume kanje:-
(a) i-rate eyejwayelekile kulo nyaka wezimali ophela mhla ka 2008-06-30 iklanywe yaba ngu 27,120c erandini ngomhlaba yaba ngu 2,260c erandini ngamabhilidi; kanti lesi samba sibandakanya u1,140c erandini omaqondana nomhlaba kanye no 0,095c omaqondana namabhilidi wokuthutha nokulahla udoti nokuhlanza;
(b) intela yokuthuthwa kwendle iklanywe yaba ngu 4,560c erandini ngomhlaba yaba ngu 0,380c erandini ngamabhilidi.
2. Ngaphansi kweSigaba 151(3) sika Odinensi 25 ka 1974, sifundwa neSigaba 96 sika Odinensi 18 ka 1976, isilinganiso sokunquma amanani ezintela zemizi esaziwa phecelezi, "residential property allocation factor", sinqunywe saba ngu 8,53c erandini mayelana nomhlaba nezakhiwo maqondana nemizi, okubandakanya lezi zibalo ezilandelayo maqondana nalamasevisi alandelayo:
(a) 1,25c erandini maqondana nokuhlinzekela ukukhalima amanzi angadingeki nokuchithwa kwendle;
(b) 0,31c erandini maqondana nokuthuthwa nokulahlwa kukadoti kanye nokuhlanza.
3. Ngokwesigaba 151 sika Odinensi 25 ka 1974, kuzoba khona lezi zaphulelo ezilandelayo:-
(a) (1) Izaphulelo zika 100% ezimaqondana nomuzi ngamunye onani lawo eliklanywe laba ngu R36 000 noma ngaphansi.
(2) Izaphulelo zika 100% ezimaqondana nomhlaba onani lawo eliklanywe laba ngu R20 000 noma ngaphansi.
(b) Ukuthi umuzi ngamunye oklanywe inani lawo laba phakathi kuka R36 001 no-R100 000 (okubandakanya nayo le mizi enalamanani) kanjengoba kukhonjiswe kwithebula elilapha ngenzansi uzothola izaphulelo kuma rates okumele akhokhwe ezilingana nomahluko phakathi kwama rates okumele akhokhwe nalamanani akhonjiswe kuleli thebula elilapha ngenzansi, ngaphansi kuka B (Ongenamapayipi okuhambisa indle ngamanzi) kanye noC (Onamapayipi okuhambisa indle ngamanzi).

BHEKA ITHEBULA 1

(c) Izaphulelo ezingu 70,59% no 66,91% njengokulandelana kwazo ziyonikezwa maqondana nalawoma rates abizwa kule mizi ekulezi zigaba ezilandelayo; ngaphandle kwamarates abizwe maqondana nama-Urban Improvement Precincts:
(1) Maqondana nomuzi ngamunye ozimele wodwa, njengokuba kuchazwe eSigabeni 151(4), onenani elingaphezulu kuka R100 000 ngaphandle kwanoma yisiphi isakhiwo esisetshenziswa njengendawo yokuhlala okudingeka kuso isitifiketi sokubhaliswa, esingesona isakhiwo esinezindlu zokuhlala ezeqe kwezimbili noma, uma leso sakhiwo sisesigcemeni sokuhlala esiklanywe njengo "extended residential zone" (njengoba kuchazwe kwiTown Planning Scheme in the course of preparation), okukhona kuso izindlu zokuhlala ezingeqile kwezintathu.
(2) Noma yimuphi nje omunye umuzi, njengoba uchazwa eNdimeni (4) yeSigaba 151 osekukhulunyiwe ngaso.
(d)(1) Ngaphandle kwamaqondana nalezi zindawo ezibizwa ngama-Urban Improvement Precincts, izaphulelo zika 45% kuma rates aklanyiweyo maqondana nesakhiwo sebhizinisi ngasinye nesakhiwo sezimboni.
(2) Ngaphandle kwamaqondana nalezi zindawo ezibizwa ngama-Urban Improvement Precincts, izaphulelo zika 50% kuma rates aklanyiweyo maqondana nomhlaba kahulumeni okungewona owemizi nomhlaba ongakhiwe, ngaphandle komhlaba namabhilidi kwezolimo, maqondana nawo okungakhishwanga le sitifiketi sezolimo okukhulunywe ngaso esigabeni 153(3)(c) se-Odinensi 25 ka 1974.
(3) Maqondana nalezi zindawo, njengoba kukhonjiswe lapha ngezansi, izaphulelo ezikhonjiswe lapha ngezansi, kuma rates aklanyiweyo ngokwendima 1 no 2 ngenhla maqondana nesakhiwo sebhizinisi ngasinye, izakhiwo zezimboni zikahulumeni okungezona ezemizi, nomhlaba ongakhiwe kanye nomhlaba namabhilidi kwezolimo, maqondana nawo okungakhishwanga le sitifiketi sezolimo okukhulunywe ngaso esigabeni 153(3)(c) se-Odinensi 25 ka 1974, ngaphandle kwezakhiwo ezikuma-Urban Improvement Precints.

BHEKA ITHEBULA 2

(e) Ama rates omhlaba wokulima
(i) Isilinganiso esimaqondana nonyaka wezimali ka 2007/2008 sinqunywe saba ngu 0,6787 erandini maqondana nomhlaba, inqobo nje uma kunesitifiketi esisebenzayo njengamanje esikhishwe umklami manani woMkhandlu sokuthi lowo mhlaba ungumhlaba wokulima, ngokweSigaba 153(5)(c) sika-Odinensi 25 ka 1974.
(ii) Maqondana namabhilidi asetshenziselwa kuphela umsebenzi wezolimo, isaphulelo esisezingeli elifanayo nalelo lonyaka wezimali ka 2006/2007, ngaphansi kombandela sikhona lesi sitifiketi sokuthi ungumhlaba wezolimo esikhishwe umklami manani woMkhandlu, njengoba kuchazwe ku (e) (i) ngenhla. Zonke izicelo zalezi zitifiketi kumele zilethiwe ngaphambi komhla ba 30 Juni 2007.
4. Usuku okuzoqala ukusebenza ngalo lama rates anqunywe lapha
Usuku okuzoqala ukusebenza ngalo lokhu kunqunywa kwama rates umhla ka 2007-08-01 kanti wona azobalwa kusukela kumhla ka 2007-07-01.
5. Usuku lokugcina lokukhokhwa kwama rates
(i) Lapho amarates ekhokhwa kancane kancane ngenyanga, lokho kukhokha kuyokuba imali ehlukaniswe kashumi nanye elinganayo noma ecishe ilingane futhi iyokhokhwa ngosuku lokugcina lwenyanga ngayinye, inkokhelo yokuqala iqale mhla ka 31 Agasti enye inkokhelo elandelayo yenziwe njalo ngenyanga emva kwalokho, inkokhelo yokugcina ibe mhla ka 30 Juni, ngaphansi kombandela wokuthi uma kwenzeka usuku lokugcina lwenyanga luba ngeSonto noma ngeholide, inkokhelo iyokwenziwa ngosuku lokugcina lokusebenza, ngaphambi kwalowo Mgqibelo, iSonto noma iholide.
(ii) Ukuthi lapho ama rates ekhokhwa ngonyaka usuku lokugcina lokukhokha umhla ka 31 Okthoba, ngaphansi kombandela wokuthi uma kwenzeka lolu suku luba ngeSonto noma ngeholide, inkokhelo iyokwenziwa ngosuku lokugcina lokusebenza, ngaphambi kwalowo Mgqibelo, iSonto noma iholide.
ISIFINGQO SESILINGANISO SEMALI ENGENAYO NEMALI ESETSHENZISWAYO ONYAKENI WEZIMALI KA 2007/2008
Lesi sifingqo esilandelayo sesilinganiso semali engenayo nesetshenziswayo mayelana ne-akhawunti yemali engenayo nesebenzayo eqondene nezintela nemisebenzi evamile onyakeni wezimali oyophela mhla ka 2008-06-30 sishicilelwa njengokulawula kweSigaba 105(1A) se-Odinensi 25 ka 1974 neSigaba 14 sika Local Government Municipal Property Rates Act.
Ikhophi enemininingwane ephelele yesilinganiso ingabonwa ebhodini lezaziso zikawonkewonke emahhovisi eCity Secretariat, 1st Floor, City Hall: West Street, eThekwini, emahhovisi kamasipala, emitatsheni yolwazi kamasipala kanye nakwi website: www.durban.gov.za isikhathi esiyizinsuku ezingu 30 kusukela osukwini lwesinqumo soMkhandlu.
* Ngaphansi kuka Local Government: Municipal Property Rates Act 6 ka 2004, kuzokwenziwa yonke imizamo engenziwa ukuba labo abawakhokha kanye ngonyaka amarates abo bafakwe ohlelweni lokuba bawakhokhe ngenyanga.

BHEKA ITHEBULA 3

Dkt M.O. Sutcliffe
IMenenja yeDolobha
City Hall, West Street
Durban

ITHEBULA 1

A INANI LOMUZI R	B ONGENAMAPAYIPI OKUHAMBISA INDLE NGAMANZI R	C ONAMAPAYIPI OKUHAMBISA INDLE NGAMANZI R
36 001 - 40 000	326	384
40 001 - 50 000	408	477
50 001 - 60 000	489	574
60 001 - 70 000	1 058	1 243
70 001 - 80 000	1 303	1 530
80 001 - 90 000	1 547	1 817
90 001 - 100 000	1 874	2 200

ITHEBULA 2

INDAWO	IZAPHULELO			
	Izakhiwo Zamabhizinisi, Izimboni Nomhlaba Ongakhiwe	Amafulethi nama-duplex	Imizi	Amafulethi umhlaba ongakhiwe
(a) Indawo ezungezwe uPine, Gardiner, Smith noBroad Str	41,7472	64,9530	0	0
b) Indawo ezungezwe uSoldiers Way, Commercial Road, Prince Alfred no-Ordnance Roads.	44,0483	66,3374	0	49,1348
c) Indawo ezungezwe uGardiner Street, Victoria Embankment, Beach Walk noSmith Street.	44,0483	66,3374	0	49,1348
d) Indawo ezungezwe uSoldiers Way, Ordnance Road, Brickhill no Old Fort Roads.	44,0483	66,3374	0	49,1348
e) Indawo ezungezwe uLower Marine Parade, West Street Mall, Rutherford no Gillespie Streets (South Beach).	39,0222	63,3135	0	44,5656
f) Umhlanga Promenade Precinct ozungezweu-Ocean Way (ngaseNingizimu), Lot 430 (ngaseNyakatho), Lagoon Drive (ngaseNtshonalanga) and the Indian Ocean (ngaseMpumalanga).).	40,7162	64,3327	68,2993	46,1056

ITHEBULA 3

RATE AND GENERAL SERVICES	ENGENAYO R	ESETSHENZISWAYO R
Office of the City Manager	617,261,150	824,257,260
Treasury	4,893,527,830	682,711,670
Governance	1,506,360	224,151,210
Sustainable Development and City Enterprises	167,158,260	487,741,800
Corporate and Human Resources	11,228,040	152,147,360
Health, Safety and Social Services	239,061,410	1,805,097,610
Procurement and Infrastructure	1,247,345,730	3,000,981,870
	7,177,088,780	**7,177,088,780**
TRADING SERVICES		
Airport	3,719,500	3,719,500
Markets	38,187,730	38,187,730
Housing	92,135,760	92,135,760
Water	1,934,001,400	1,934,001,400
Electricity	3,920,204,650	3,920,204,650
ISIYONKE	**13,165,337,820**	**13,165,337,820**

ISAZISO

UKUBUYEKEZWA KWA-MATHARIFU: 2007/2008: IMIKHAKHA
Ehlukahlukene
Lesi yisaziso sokuthi:-
a) Izinqumo zalolu hlobo okukhulunywa ngalo esigabeni 75A sika Local Government: Municipal Systems Act, 2000 (Umthetho 32 ka 2000) zathathwa nguMkhandlu walo Masipala mhla ka 2007-04-30 maqondana nalezi zihloko ezibalulwe lapha ngezansi.
1. Valuation Roll (6/5/2/1)
2. City Hall Hire (6/5/2/1)
3. Development Planning and Management (6/5/2/4)
4. Retails Markets (6/5/2/10)
5. Itinerant & Street Traders & Hive Sites (6/5/2/10)
6. Hardening and Reinstatement of Footways (6/5/2/3)
7. Stormwater Disposal (6/5/2/3)
8. Channel Crossings (6/5/2/3)
9. Bus Ranks, Parking Meters and Municipal Parking Ground Bylaws (6/5/1/4 & 11/8/8/2)
10. Copy fees for Prints, Plans and Photographs (6/5/2/3)
11. Housing Administration (6/5/2/6)
12. Water (6/5/2/7)
13. Electricity (6/5/1/2)
b) Amakhophi alezi zinqumo kanye namatharifu anqunyiweyo kuyatholakala kulabo abafisa ukukubona kulezi zindawo:
(i) Kuma Foyer alezi zakhiwo: City Hall (West Street), Electricity Headquarters (Jelf Taylor Place), Water Headquarters (Prior Road) nakwa-City Engineers (Old Fort Road).
ii) Kuma Regional Centres kuyo yonke indawo engaphansi kuka lo Masipala.
c) Usuku aqala ukusebenza ngalo la matharifu anqunyiweyo umhla ka 2007-07-01.

Dkt. M.O. Sutcliffe
IMenenja yeDolobha